



Ukuhlomisa izingane zethu  
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

**Isihloko sesifundo: UMbuthano wase-Albury**

# Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto      Isikole sasekhaya



# Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UMbuthano wase-Albury**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

## Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: <a href="https://bit.ly/3NACSSH">https://bit.ly/3NACSSH</a></p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"><li>• IBhayibheli</li><li>• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe</li><li>• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.</li><li>• I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho</li><li>• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso).</li></ul> <p><b>Qaphela:</b></p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethulizi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.</p>



# Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

## Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. <b>Isibonele:</b> Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazel yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

## Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -1 nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.



## Isifundo

Isihloko	UMbuthano wase-Albury
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaJohane 5: 39-40; 16: 12-13
Inhloso yesifundo	Izingane zithola ukuqaphela kokuqala kwenhlangano yokuvuselelwa kobuKristu. Lenhlangano yalungiselela indlela yokwakhiwa kabusha kwebandla likaKristu ngezikhonzo nangezipho zokomoya.

## Isifundo esifingqiwe:

### Isingeniso:

Namuhla sizoba nesifundo somlando. Sizobuyela emuva cishe eminyakeni engama-200 esikhathi. Sizobheka esikhathini lapho imibuthano embalwa yamaKristu iqala ukubonisa intshisekelo ekhulayo yeBhayibheli futhi ikakhulukazi iziphrofetho eziphathelene naleso sikhathi nekusasa. Lesisifundo sigxile kulokho okwenzeka phakathi kwezincke (abefundisi / abashumayeli bamasono) kanye nabantu-nje abafundile emazweni aseNgiland naseScotland phakathi kweminyaka yekhulu le-19<sup>th</sup>. Lawamadoda ahlangana ezingqungquetheleni ukudingida imibhalo engokwesiphrofetho futhi atadisha / afundisisa kakhulu iziphrofetho zeTestamente Elidala. Lezi zingqungquethela zazaziwa njengezingqungquethela ze-Albury. Njengoba sifunda ngemisebenzi yamaKristu angaleso sikhathi, kubalulekile ukuqaphela ukuthi nguMoya oNgcwele loyo owambula amacebo kaNkulunkulu.

### Okuqukethwe:

Abefundisi abaningana besonto lama-Anglican namanye amahlelo obuKristu kanye nabefundisi abafundile bahlangana njalo ukuxoxa ngezithembiso eziseBhayibhelini. Iphuzu eliyinhloko lezingxoxo zabo kwakuyiziphrofetho zeBhayibheli eliNgcwele mayelana nalesosikhathi kanye nekusasa. Babenentshisekelo kakhulu kwizitatimende (imibiko) ezikhomba ukubuya kweNkosi kanye nezahlulelo zikaNkulunkulu mayelana nezidalwa zaKhe ezingabantu (isintu).

Amadoda abambe iqhaza kulezi zingxoxo ahlangana njalo engqungquetheleni kusuka ngo-1826 ukuya ku -1830 ngesonto lokuqala le-Advent. Bahlangana endaweni ebizwa ngokuthi i-Albury engamakhilomitha angama-50 ngaphandle-nje kweLondon. Baziwa njengamatlungu e-oMbuthano wase-Albury. Umhlangano wokugcina-nje kuphela ngo-1830 owenzeka ngenyanga kaNtulikazi. Bahlangana ngesikhathi esingaphambilini kunesibekiwe ngenxa yokuba kwakukhona umbiko ngesimangaliso sokwelapha abagulayo nokuphimiswa kweziprofetho eScotland. Lombiko waholela emikhulekweni ejulile yokuthululwa kukaMoya oNgcwele. Kuze kube yileso sikhathi lapho ababekhona engqungquetheleni babevumile



ngokuhunyushwa kwezincwadi zesiphrofetho. Kodwa-ke, abavumelananga ngezipho ezivela kuMoya oNgcwele ezazibonakala eScotland. Lokhu kwaholela ekwahlukaneni koMbuthano wase-Albury.

Naba abambalwa abefundisi abaziwayo nabasekeli bangaleso sikhathi:

**U-Lewis Way** wayengumfundisi wase-Anglican owabhala izindatshana ezithile mayelana nezithembiso zeBhayibheli. Wamema amadoda ayisikhombisa ukuthi ahlanganyele naye eLondon ezingxoxweni nasekufundeni ngezipho profetho zeTestamente eliDala. Umngane ka-Way (owayengumgcin webhange), uHenry Drummond (kamuva owaba ngumPhostoli) wanikela ngefa lakhe lomhlaba e-Albury futhi nokuthi iyona indlela izingqungquthela ezaqala ngayo.

**U-Edward Irving** wayengumfundisi osebenzayo ebandleni laseLondon okuyiSonto laseScotland. Wayengumshumayeli onamandla futhi eheha izinkulungwane zabalaleli. Ngaleso sikhathi, abantu abanangi baqala futhi ukubonisa intshisekelo ezindabeni zenkolo. Hhayi eNgilandi kuphela kepha nakwamanye amazwe aseYurophu. Abantu babenentshisekelo kulokho okushiwo yiBhayibheli mayelana neziphrofetho zesikhathi ababephila kuso nangesikhathi esizayo. Abantu abakholwayo bahlangana ukuze bakhuleke futhi batadishe / bafundisise iBhayibheli. UMbutho wase-Albury wawungeline lamaqembu anjalo.

Akuwona wonke amaKristu avumelana ngazo zonke izindaba ezadingidwa. Kwacaca, ukuthi ukungaboni ngaso linye kwabangelwa ukuthi inkonzo yaba- (isikhonzo saba-) Phostoli yayingasebenzi ngaleso sikhathi kanti izipho eziningi zikaMoya oNgcwele ezazibonakele ebandleni lokuqala, zazilahlekile. Ngalesi sizathu, babefuna ukukhulekela ukuvuselelwa (ukuqanjwa kabusha) kwenkonzo yabaPhostoli kanye neziphoo zikaMoya.

Ukuqubungula noma ukuphenywa kweBhayibheli nokuqonda kahle okushiwoyo, kuyasiza ekuphenduleni imibuzo yokholo. UJesu ukusho lokhu lapho ethi imibhalo ifakaza ngaYe: NgokukaJohane 5: 39-40:

**“Nihlola imibhalo, ngokuba nithi ninokuphila okuphakade kuyo; yiyona efakaza ngaMi. Kepha anivumi ukuza kiMi ukuba nibe nokuphila.”**

Sidinga ukwamukela uJesu njengoMsindisi wethu ukuze sibe nokuphila okuphakade.

UJesu wabuye watshela abaPhostoli kuNgokukaJohane 16: 12-13:

**“Ngisenokuningi okokunitshela, kodwa ningekuthwale manje. Kepha nxa esefikile yena, uMoya weqiniso, uzakuniholela kulo lonke iqiniso; ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe, kodwa lokho akuzwayo uyakukukhuluma, anibikele okuzayo.”**

UJesu akazange atshele abafundi baKhe konke. UMoya oNgcwele wayezoqhube ka nokubafundisa. AbaPhostoli bangaleso sikhathi bakubona lokhu emisebenzini yabo.



### Isiphetho:

Kubalulekile kuwe ukuthi uqonde ukuthi kunesikhathi emlandweni wobuKristu lapho inkonzo yabaPhostoli yayingasebenzi khona. Ngaleso sikhathi isipho sikaMoya oNgcwele asikwazanga ukusatshalaliswa kunoma ngubani. Lokhu kwadingeka ukuba kuguquke. Amalunga oMbuthano wase-Albury asibona isidingo sokukhulekela ukusebenza (ukuqokwa kabusha) kwenkonzo (kwesikhonzo sobu-) yaba-Phostoli neziphlo zikaMoya.

### Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Kuhle ukuba nolwazi ngentuthuko yomsebenzi kaNkulunkulu esikhathini sethu.
- Umlando ukhombisa ukuqala kwenhlangano yokuvuselelwa kobuKristu ngeminyaka yekhulu le-19<sup>th</sup>.
- Lenhlangano yalungiselela indlela yokwakhiwa kabusha kweBandla likaKristu.
- Izinqungquthela zase-Albury zaba negalelo elikhulu ekuhleleni indlela yokuqokwa kabusha kwenkonzo (kwesikhonzo sobu-) yaba-Phostoli kanye neziphlo zikaMoya oNgcwele ngezingxoxo kanye nangemikhuleko. Yakhokhela indlela yokuthuthuka komsebenzi kaNkulunkulu esikhathini sethu.

### Eminye imibuzo esingayibuza:

1. *Ingabe kwakungekho yini abaPhostoli kusukela ngesikhathi seTestamente eliSha kuze kube ngeminyaka yekhulu le-19<sup>th</sup> na?*

Cha. Akunabufakazi obungokomlando bokuthi abaPhostoli babesebenza phakathi nesikhathi sokuphela kweTestamente eliSha (ibandla lokuqala) kuze kube isikhathi lapho amalunga oMbuthano wase-Albury abona isidingo sokukhulekela ukuvuselelwa kwenkonzo (kwesikhonzo sobu-) yaba-Phostoli.

2. *Ingabe ukufunda iBhayibheli lakho akukuhle ngokwanele ukuba ufaneleke na?*

Kubalulekile ukufunda iBhayibheli lakho njengoba likusiza ukuba uqonde uhlelo lukaNkulunkulu ngezidalwa zaKhe ezingabantu. Kepha-ke, ukukholwa kuJesu njengoMsindisi wethu, ukulandela imfundiso yaKhe **kanye** nomusa kaNkulunkulu konke kudingekile ukuze sikufanele ukubuya kukaNkulunkulu.

3. *Ingabe iyini intando kaNkulunkulu na?*

UNkulunkulu uthanda ukuba bonke abantu (isintu) basindiswe. UNkulunkulu ufunu ukuphelelisa umsebenzi waKhe.



## UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

*Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku*

*Busisa bonke abazali nezingane*

*Sengathi singabuzwa ubukhona baKho*

*Busisa isifundo esizoba naso*

*Sicela usifundise ukukukhonza*

*Futhi usisize ukwenza intando yaKho*

*Ukuze sikhule sisondele kuWe*

*Thumela uJesu azosilanda*

*Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe*

*Amen*



Notes
